



# Natal Joint Municipal Pension KwaZulu-Natal Joint Municipal Provident Funds

"Your Fund, Your Savings, Your Future"



"KEEPING YOU INFORMED"

NEWSLETTER SEPTEMBER 2016

## MESSAGE FROM THE CEO/PRINCIPAL OFFICER

### SPECIAL POINTS OF IN- TEREST:

- BEST PRACTICE INDUSTRY AWARDS
- CAPITAL INDEX AWARDS 2016
- UPDATE YOUR DETAILS
- POINTS TO REMEMBER
- MEMBER SERVICES
- DEATH SERVICES
- MEMBER PRESENTATIONS
- FINANCIAL LITERACY
- KEEP IN TOUCH



Sam Camilleri (CEO/ Principal Officer)

### WELCOME to the 3<sup>rd</sup> Quarter Member Newsletter

#### Best Practice Industry Awards

The Institute of Retirement Funds Africa hosted its 2016 conference at the Durban International Convention Centre during August. Their Best Practices Industry Awards (BPIA) were presented before 1200 delegates among them were scholars, regulatory authorities, investment analysts, portfolio managers, retirement experts, employee benefit consultants, lawyers and actuarial specialist. The Fund is very proud to announce that it won three of the six Trophy Awards as Overall Winners in the following

categories: **Financial Reporting, Governance and Investment Practices.**

What makes this extra special is that the number of submissions doubled from previous years and competition was stiff. These BPIA further entrench NJMPF as setting the benchmark in the Pension Fund Industry. "These Awards inspire confidence in members and pensioners and give them the assurance that their Pension and Provident Funds are in good hands concludes Sam Camilleri".

#### Capital Markets Index Awards

Your Fund has been shortlisted in two nominations by Africa Investor (Ai) for their Capital Markets Index Series Awards, in these categories; **African Pension Fund Initiative of the year, and Up and Coming African Institutional Investment Personality of the year (Sam Camilleri CEO/Principal Officer).** These Awards will take place on the 19<sup>th</sup> of September 2016 at Nasdaq Headquarters, New York, USA. They are designed to recognize Africa's best performing stock exchanges, listed companies, investment banks, research teams, regulators, socially responsible companies, fund managers and pension funds.

#### Update your details

An important part of managing your Fund is to let us know whenever your circumstances or personal details change. If you don't do so, you will miss out on updates provided by the Fund. Remember to get in touch if you change your postal address, email address or contact number.

#### Points to remember

Read more about what is compulsory for you to do as a KwaZulu-Natal (KZN) Municipal employee. **Know more about the Parentage affidavits and Guardian assessment forms. If you are Dismissed, Retiring or Resigning, remember to fill in the claim forms before exiting the Municipality you have been employed at.** Also if you wish to receive your benefit statement, please send through a written request via email or fax for attention of our Client Services Centre.

*We hope you will enjoy reading this newsletter and find it informative. If there are items you would like to be covered in the future, please let us know.*

**All municipal employees in KZN should participate in one of the three NJMPF funds**

**Read more on how to make claims easier for children of a deceased member**

**Member information session conducted by our Client Services Officer at your Municipality**

## Know your Fund

### Member Services Requirements

According to the conditions of employment (as per our regulations for the three funds) all municipal employees in KZN should participate in one of the three NJMPF funds:-

- Natal Joint Municipal Pension Fund (Superannuation),
  - Natal Joint Municipal Pension Fund (Retirement),
  - Kwa-Zulu-Natal Joint Municipal Provident Fund,
- \* NB The South African Local Government Association (SALGA) has recommended that all new appointments only be allowed to join the Defined Contribution Fund (Provident Fund) with an employer contribution of 18%. The Fund therefore suggests that all newly appointed employees as a contractual term be put on the highest contribution rate, as recommended by SALGA.



This includes members on a 'cost to company (CTC)' contract.

### The only exceptions to this are the following:-

- Members appointed in terms of Section 56/57 of the Municipal Systems Act with a fixed term contract.
- Members that have a contract for 3 years or less who the Municipality advises in writing are temporary employees.

### Death Benefit Services

#### Parentage affidavits

To make the claims process easier, more convenient and in order to assist children of a deceased member, the Committee of Management has approved that "parentage" affidavits to replace the requirement of a Full Birth Certificate (BI-19). The three parentage affidavits that we require are:-

- One from the maternal side of the family of the child, confirming that the child is the child of the deceased (anybody on the mother's side besides the mother herself),
- One from the paternal side of the family of the child, confirming that the child is the child of the deceased (anybody on the father's side besides the father himself), and
- One from an independent party (Induna, Chief, Pastor, Teacher, Human Resource etc.), confirming that the child is the child of the deceased.

#### Guardian assessment form

The guardian assessment form is required to be completed by every guardian in respect of a minor child. The form can be requested from the Fund or can be found on our website ([www.njmpf.co.za](http://www.njmpf.co.za)).

### Member Presentations/Roadshows

A big thank you is extended to all members who have attended Member Presentations thus far. These presentations are very important and are used as a platform to share and interact with the Funds' Membership. **Please share your thoughts on what you would like the Presentations/Roadshows to cover on the day.**

We strive to communicate the message that is needed by the members of the Fund. You can contact us via telephone, email or post.



Speak to a  
certified financial  
planner

## Financial Literacy

### Asset Classes

*Before you start investing, it is critical to gain a broad understanding of the different types of investments you can make and how they relate to each other.*

*This section is for information purposes and does not constitute advice as defined in the Financial Advisory and Intermediary Services Act (FAIS).*

An asset class is simply a grouping of similar types of investments/assets. Say you invested only in these types of produce – apples, bananas, broccoli, and spinach – your general asset class would be “fruit” and “vegetables.”

The general investment asset classes are as follows, and each of these can be broken down into sub-classes by size, industry, location and other factors.

- **Equities (stocks):** owning a piece of a company (the owner of the stock is called a shareholder)
- **Fixed Income (debt):** lending money to a company or government and earning interest (for example government bonds, other types of bonds, and certificates of deposit).
- **Cash and Cash Equivalents:** the money in your savings account, in your pocket, or hidden under your pillow.
- **Real Estate (Property) and Commodities:** owning something physical like property, natural resource commodities and precious metals like gold.

*Before investing remember to speak to a certified financial planner or advisor...*

## KEEP IN TOUCH....

Always contact us  
if you have  
questions  
regarding your  
fund

Do you have a question about your selected fund or your benefits in particular? Take a look on our website [www.njmpf.co.za](http://www.njmpf.co.za) to see if you can find the answer to your question. If not, contact ‘Client Services’ using the details below.

**Email:** [info@njmpf.co.za](mailto:info@njmpf.co.za)

**Phone:** 031 279 5330

**Fax:** 031 266 6715

**Write to:** The Principal Officer,  
PO Box 33,  
Westwood,  
3633.

**Like us** on Facebook -  
Natal Joint Municipal Pension Fund

**Follow us** on Twitter @NJMPF





# Natal Joint Municipal Pension KwaZulu-Natal Joint Municipal Provident Funds

"Your Fund, Your Savings, Your Future"



"SIKUGCINA WAZI"

I - NEWSLETTER YA - MANDULO 2016

## UMYALEZO OPHUMA KUMPHATHI

### AMAPHUZU ABALULEKILE ANENHLABANH LOSO:

- IMIKOMELO YOKUSEBENZA NGOKUSEZINGENI ELIPHEZULU KWEMBONI
- IMIKOMELO YE-CAPITAL INDEX 2016
- SINIKEZELE NGEMINGINGWANE YAKHO EMISHA
- AMAPHUZU AMQOKA
- OKOKUSIZA AMALUNGA
- OKOKUSIZA UMA-KUSHONIWE
- IZETHULO KUMALUNGA
- ULWAZI NGEMALI
- UKUGCINA KUXHUN-YENWE



Sam Camilleri (uMphathi)

Siyakwamukele kwi-Newsletter yamalunga yekota yesithathu

### Imiklomelo yokusebenza ngokusezingeni eliphezulu kwesikhwama

ISikhungo SeZikhwama zoMhlalaphansi e-Africa sisingathe ingqungquthela ka-2016 eThekwini, International Convention Centre (ICC) ngo-Agasti. Imiklomelo yokusebenza ngokusezingeni eliphezulu kwemboni. yayinezihambeli eziyinkulungwane namakhulu amabili (1200) ngesikhathi kunikezelwa imiklomelo, phakathi kwezihambeli kwakukhona abafundi, abaphathi abalawulayo, abacubunguli ekutshalweni kwezimali, izimemenja

ezihlukahlukene, ongoti ezikhwameni zomhlalaphansi, ongoti emihlomulweni yabasebenzi, abameli, ongoti kuma-actural, njalo njalo. Siyaziqhenya kakhulu iSikhwama ngokumemezela ukuthi siphumelele iZindondo ezintathu kwezizisithupha, saba esiphumelele kunazo zonke kule mikhakha elandelayo, **Ukubika Ngezezimali, Ukuphatha kanye Nokusebenza kahle ekutshalweni kwezimali.**

Okwenza lokhu kuhlalaba kube okukhetheke kakhulu ukuthi inani lababengenele beliphindwe kabili uma kuqathaniswa nonyaka odlule kanti nomncintiswano bewunzima. Lama-BPIA aphinde abeke i-NJMPF njengeSikhwama esikhombisa indlela eMbonini yeZikhwama zeMpesheni." Le Miklomelo ifaka ukuzethemba kumalunga kanye nabahola impesheni iphinde ibanike isiqinisekiso sokutho iSikhwama seMpesheni nese-Provident zisezandleni eziphephile, kuphetha uSam Camilleri".

### Imiklomelo ye-Capital Markets Index

ISikhwama sakho sesikhethe saba sethubeni lokuphumelela ezigabeni ezimbili esiqokwe kuzona yi-Africa Investor (Ai) eMiklomelweni ye-Capital Markets Index Series Awards, kulezi zigaba; **African Pension Fund Initiative of the year, ne-Up and Coming African Institutional Investment Personality of the year (Sam Camilleri CEO/Principal Officer).** Le miklomelo izoba ngomhlaka 19 September 2016 eNasdaq Headquarters, New York, USA. Yakhelwe ukwazisa ama-stock exchange asebenza kahle kunawo wonke e-Afrika, izinkampani ezibhalisiwe, amabhange okutshala izimali, amaqembu ocwaningo, abalawuli, izinkampani ezibhekelele umphakathi kanye nezimemenja zesikhwama.

### Sinikeze imininingwane yakho emisha (uma uyishintshile) ukuze sikwazi ukuxhumana nawe

Ingxenywe ebalulekile ekuphatheni iSikhwama sakho ukuthi usazise uma isimo noma imininingwane yakho ishintsha. Uma ungenzi kanjalo, uyophuthelwa okusha okulethwa yiSikhwama. Khumbula ukuthi uxhumane nathi uma ushintsha ikheli lakho lokuposa, i-email noma inombolo yakho yocingo.

### Amaphuzu okufanele akhunjulwe

Funda kakhulu ukuthi yini ephoqelekile okufanele uyenze njengesisebenzi sikamasipala KwaZulu-Natal (KZN). **Funda kabanzi ngezincwadi ezifungelwe ngabazali (Parentage Affidavits) kanye namafomu okuhlola ozogada ingane/izingane (Guardian Assessment).** Uma uxoshwa emsebenzini, uthatha umhlalaphansi noma usula emsebenzini, khumbula ukuthi ugcwalise ifomu lesicelo semali ngaphambi kokuba uhambe kwamasipala obekade usebenza kuwona. Futhi uma ufisa ukuthola isitatimende somhlomulo wakho, sicela uthumele isicelo esibhalwe phansi nge-email noma ifeksi kwi-Client Services Centre yethu.

**Sethemba ukuthi uzokuthokozela ukufunda le-newsletter uthole nolwazi. Uma kukhona okusele ofisa sikufake kuyona esikhathini esizayo, sicela usazise.**

## Yazi iSikhwama sakho

### Okokusiza amalunga

Ngokwemibandela yokusebenza nanjengokwemithetho yezikhwama zontathu, bonke abasebenzi bakwamasipala eKZN kufanele bazibandakanye esikhwameni esisodwa kwezintathu ze-NJMPPF:-

**Bonke abasebenzi bakaMasipala eKZN kufanele bazibandakanye esikhwameni esisodwa kwezintathu zakwa-NJMPPF**

- Natal Joint Municipal Pension Fund (Superannuation),
- Natal Joint Municipal Pension Fund (Retirement),
- Kwazulu-Natal Joint Municipal Provident Fund,
- \* NB Ngokwemibiko yakwa South African Local Government Association (SALGA) bonke abasebenzi bakwa masipala abaqashwayo kufanele bafakwe kwiProvident Fund. Ngokombiko; umqashi kufanele afake u18% mase ilunga lifake u9.25%.



Lokhu kuhlangukisa amalunga akwikontileka ye-'cost to company (CTC)'.

### Umehluko kuphela okhona kulokhu, yilokhu okulandelayo:-

- Amalunga aqashwe ngokweSigaba 56/57 we-Municipal System Act anenkontileka ebekelwe isikhathi esithile.
- Amalunga anenkontileka yeminyaka emithathu noma ngaphansi uMasipala owazisa ngokubhala phansi ukuthi aqashwe okwesikhashana.

### Okokusiza uma ushonelwe

#### Incwadi efungelwe ngabazali (Parentage Affidavits)

Ukuze wenze kubelula futhi kusebenzeke kangcono ukufaka izicelo zemali yezingane ezishonelwe yilunga, iKomiti labaPhathi ligunyaza ukuthi incwadi efungelwe yobuzali isizosebenza esikhundleni seSitifiketi eSigcwele sokuZalwa (Full Birth Certificate - BI-19). Izincwadi ezintathu zobuzali ezifungelwe esizidingayo yilezi:-

- Eyodwa eqhamuka emndenini kamama wengane, eqinisekisa ukuthi ingane iyingane yalowo oshonile. Kungaba inoma ubani ngasecaleni likamama , ngaphandle kwamama uqobo lwakhe.
- Eyodwa eqhamuka emndenini kababa wengane, eqinisekisa ukuthi ingane iyingane yalowo oshonile. Kungaba inoma ubani ngasecaleni likababa , ngaphandle kwababa uqobo lwakhe.
- Eyodwa eqhamuka kumuntu ozimele (Induna, Inkosi, Umfundisi, Uthisha, abakwa-Human Resource njalo njalo) eqinisekisa ukuthi ingane iyingane yalowo oshonile.

#### Ifomu lokuhlola ozogada ingane/izingane

Ifomu lokuhlola ozogada ingane/izingane kudingeka ligcwaliswe yiwona wonke umuntu ozogada ingane uma ingane isengaphansi kweminyaka egunyaziwe. Ungalithola ifomu uma ulicela eSikhwameni noma kwi-webhusayithi yethu ([www.njmpf.co.za](http://www.njmpf.co.za)).

**Funda kabanzi ngokuthi ungakwenza kanjani kubelula ukufaka izicelo zemali yezingane makushone ilunga lesikhwama**

**Izethulo kumalunga ezineminingwane ulethelwa i-Client Relations Officer ku-Masipala wakho**

### Izethulo kumalunga

Sibonga kakhulu kuwona wonke amalunga asethamele 'Izethulo' kuze kube manje. Lezi zethulo zibaluleke kakhulu kanti zisetshenziswa njengenkundla yokwabelana nokuxhumana nababambiqhaza. **Sicela usitshela imibono yakho ongafisa siyifake kulezi zethulo ngosuku eziyokwenziwa ngalo.**

Sizibophezele ekudluliseni umyalezo odingwa amalunga eSikhwama. Ungaxhumana nathi ngocingo, imeyili noma ngeposi.



## Ulwazi ngezezimali

### Ama - Asset Classes

*Ngaphambi kokuba uqale utshale imali, kubahulekile ukuthi uthole ukuqonda okubanzi ngezindlela ezahlukene ongazenza nanokuthi zihlobene kanjani.*

*Lesi sigaba sakhiwe ngenhloso yokwazisa kanti akusona esokweluleka njengoba kuchaziwe kwi-Financial Advisory and Intermediary Services Act (FAIS).*

Ama-asset class kungukuhlanganisa izinhlobo ezifanayo zokutshala imali. Ake sithi utshale imali kuphela kulezi zinhlobo zemikhiqizo – ama-aphula, ubhanana, i-broccoli ne-spinach – iqoqo lama-asset akho kuyoba “izithelo nemifino”.

Ama-asset class amakhulu ajwayelekile ahamba kanje, kanti lilinye kuwona lingahlukaniswa lenziwe amakilasi amancane ngosayizi, imboni, indawo nangenxa yezinye izizathu eziningi.

- **Ama-Equities (stocks):** ukuba negxanye encane enkampanini (umnikazi we-stock ubizwa nge-shareholder).
- **Ama-Fixed Income (debt):** ukuboleka inkampani imali noma uhulumeni ukuze uthole inzalo (isibonelo, ama-bond ahulumeni, kanye nezinye izinhlobo zama-bond, lokhu kubizwa nge-fixed deposit).
- **U-Cash ne Cash Equivalents:** Imali ekwi-akhawunti yakho yokonga, ephaketheni lakho, noma oyifihle ngaphansi komqamelo.
- **I-Real Estate (Property) nama Commodities:** ukuba nento ephathekayo, njenge-property, ama-natural resource commodity kanye nezinto eziyigugu njengegolide.

*Khumbula ukuthi ukhulume nomhleli wezimali oqeqeshiwe...*

## UKUGCINA SIXHUMENE.....

Kungabe unayo imibuzo ngeSikhwama osikhethile noma imihlomulo yakho? Ngena kwi- webhusayithi yethu ethi: [www.njmpf.co.za](http://www.njmpf.co.za) ukuze ubheke ukuthi angeke uyithole yini impendulo embuzweni wakho. Uma ungayitholi, xhumana ne-Client Services yethu ngokusebenzisa lemininingwane engezansi.

**Imeyili:** info@njmpf.co.za  
**Ucingo:** 031 279 5330  
**Ifeksi:** 031 266 6715  
**Bhalela u:** The Principal Officer,  
 PO Box 33,  
 Westwood,  
 3633.

**Silandele ku-Facebook -**  
 Natal Joint Municipal Pension Fund  
 kanye naku Twitter @NJMPF



**Khuluma  
nomhleli  
wezezimali  
oqeqeshiwe**

**Xhumana nathi  
ngaso sonke  
isikhathi uma  
unemibuzo  
mayelana  
nesikhwama  
sakho**